


iSouth Africa Coronavirus CivicActs Campaign ithatha amahemuhemu nemibono phakathi kwemiphakathi ukuze kususwe izikhala zemininingwane phakathi kukahulumeni, abezindaba, ama-NGO, amabhizinisi kanye nomphakathi. Ngokuhlinzeka umphakathi ngamaqiniso, lezi zibalo zamakhompiyutha ze-coronavirus zihlose ukudala ukuqonda okungcono kwezidingo eziphathelene ne-coronavirus nokuhlehlisa amahemuhemu ngaphambi kokulimaza okwengeziwe.

Ukuphila Nokuphepha kwaBahlengikazi ngesikhathi seCOVID-19


Kube yisonto elinzima kakhulu, uhulumeni wethu uzithole esengene shi esimweni sokwentuleka kwezembatho zokuzivikela okuthinta umhlaba wonke nabasebenzi bezempilo besabisa ngokuthi bazoyeka ukusebenza uma bezoqhubeka nokwelapha iziguli bebe nabo bebeka izimpilo zabo engcupheni. ICOVID-19 isithwese izitolo ezihlinzeka ngempahla yokugqoka yokuzivikela (amaPPE) umthwalo kanti ukukhula kwenani lempahla edingekayo lalezi zinto akukhombisi ukuba nezimpawu zokuthi kuzokwehla, njengoba amazingazilinganiso okutheleleka ekhula usuku nosuku. Embikweni wakuleli sonto, sibheka ngeso elibanzi izingqinamba umsebenzi wezokwelapha obhekana nazo ngalesi sikhathi sobhubhane. Yinkanankana yomhlaba jikelele futhi izimpilo zodokotela nezabahlengikazi baseNingizimu Afrika yizo ezisengcupheni. Kuleli sonto nje, amazingazilinganiso okutheleleka kulo mkhaka ashaqise abantu abaningi. Inani elingu-511 labasebenzi bezempilo abasebenzela eduzane kakhulu nalolu bhubhane batholakale sebenegciwane – abangu-146 baluleme, abangu-26 balaliswe ezibhedlela kanti ababili bashonile – osekuphoqe inyunyana yabahlengikazi iDENOSA ukuba imise ukusebenza ibhikishe. Ngenxa yokukhula kwengcindezi evela kwizinyunyana, kuthathwe izimali zabanikelayo esikhwameni seSolidarity Fund, seMotsepe Foundation, seSPIRE (iRMB), seNaspers kanye nesezimboni zezimayini ukuze kuthengwe okokugqoka kokuzivikela. Kuze kube yimanje, uhulumeni usekiphe izigidi ezingu-R760 selokhu kuqale lo mbhedukazwe, kanti kulindeleke ukuthi leli nani likhule kula masonto azayo.

Imibuzo → Izimpendulo



Yikuphi okokugqoka kokuzivikela (amaPPE) uhulumeni ahlose ukunikela odokotela kanye nabahlengikazi?

Yiko konke okuphelele kokugqoka kokuzivikela njengezimfonyo, amagilavu, amaphinifa, izibuko ezivalekile, njll.



Yiziphi izifundazwe ezithintekile kakhulu ngenxa yokwentuleka kokokugqoka kokuzivikela?

Yi-Eastern Cape, yiKwaZulu-Natal, yiNorthern Cape neLimpopo.

Njengoba sixegise izinto kancane kancane esigabeni 4 semvalelwakhaya enwetshiwe, kube nesidingo ukuze kubambezeleke ukukhula kwezigameko zeCOVID-19 nohulumeni athole ithuba lokwengeza amandla okusebenza emkhakheni wezempilo. Okunye okubhekiwe okuhambisana nalokhu kuhlinzekwe lapha ngezansi.

Yiziphi ezinye izindlela zokukhokhelwa abahlengikazi abazilwelayo?



Isibonelelo sokuba sengozeni/sengcupheni iyona nto abahlengikazi abayifunayo, kwazise phela abahlengikazi abaningi bathelekile ngenkathi besemsebenzini.

Yisiphi isinyathelo abahlengikazi abafisa ukuthi uhulumeni asithathele phezulu njengodaba oluphuthumayo ukuze kuqinisekiswa ukuphepha kanye nokuphila kwabo?



Inkokhelo eyisibonelelo sokuba sengozeni, kanye nokutholakala kokokugqoka kokuzivikela. Kukhona nesidingo sokwelulekwa ngokwengqondo kwabasebenzi bezempilo.

Designated Hospitals

Gauteng

Charlotte Maxeke Hospital, Parktown
Steve Biko Hospital, Pretoria
Tembisa Hospital, Tembisa

KwaZulu-Natal

Greys Hospital, Pietermaritzburg

Limpopo

Polokwane Hospital, Polokwane

Mpumalanga

Rob Ferreira Hospital, Nelspruit

Northern Cape

Kimberley Hospital, Kimberley

North West

Klerksdorp Hospital, Klerksdorp

Eastern Cape

Livingstone Hospital, Port Elizabeth

Free State

Pelonomi Hospital, Bloemfontein

Western

Cape

Tygerberg Hospital, Cape Town

Useful Numbers



- GBV Command Centre: 0800 428 428 / *120*7867#
- Persons with disabilities, SMS 'help' to 31531
- Women Abuse Helpline: 0800 150 150
- Child line: 0800 055 555SAPS
- Crime Stop: 0860 10111 / SMS Crime Line: 32211
- National AIDS Helpline: 0800 012 322
- Suicide Helpline: 0800 567 567
- National Department of Health:
[jhhttps://www.health.gov.za](https://www.health.gov.za)
- National Institute of Communicable Diseases:
<https://www.nicd.ac.za>
- Coronavirus Hotline: 0800 029 999
- No data no problem: <https://coronavirus.datafree.co>

Questions

Do you have any questions about coronavirus?
Have you heard any myths?

Reach out to us via WhatsApp on +27
63 311 8397 or mail us at
ccc@accountabilitylab.org

.